Indawo yezingulube yayihlaselwe isifo esasihamba ngomoya.

Lesi sifo sasithathelana futhi singena ngamakhala.

Inkosi yezingulube yathi wonke umuntu kuzomele avale amakhala futhi ahlale ekhaya.





Zonke izinsuku umama Ngulube wayegeza abantwana bezingulube. Wayefuna ukuthi bahlale behlanzekile futhi bephilile ngaso sonke isikhathi.

Wafaka amasokisi emakhaleni abo ukuze bavikeleke kulesi sifo.

Ubaba nomama Ngulube bahlanzisisa indlu yezingulube.


Ubaba Ngulube wahlola izinga lokushisa labo bonke abantwana babo.






Kodwa abantwana bezingulube babenesizungu. Babekhumbula abangane babo. Kwakuyisicefe ukuhlala ekhaya ngaso sonke isikhathi.

Enye yabantwana bezingulube, abayetha igama elithi nguNdlondlo, yayigangile. Yakhipha isokisi ekhaleni layo yahamba yayodlala ngaphandle.






Ngemuva kwalokho, uNdlondlo waba nomkhuhlane futhi wazizwa ephelelwa ngamandla. Wayethimula nezindlebe zakhe zivalekile. Naye wayesesitholile lesi sifo!

Umama Ngulube wahambisa uNdlondlo kudokotela.


Udokotela wanika uNdlondlo imithi yokuzelapha.






Kwafanela ukuba uNdlondlo ahlale endlini amasonto amabili. Kwakumele ukuthi angalali noma adle nabanye. Wayengavunyelwa ukudlala nabanye.

Ngemuva kwamasonto amabili, uNdlondlo walulama. Wayesevumelekile ukuba nabanye ekhaya.





Inkosi yase imemezela ukuthi zonke izingulube kufanele zivakashele isibhedlela ukuyogomela lesi sifo.

Izingulube zazijabule impela ngalokho.

Sadlula lesi sifo endaweni yezingulube.

Bonke bawasusa amasokisi emakhaleni abo. Bonke bakwazi ukuba ndawonye futhi. Bahlala ngokujabula futhi!

